


**NguMongameli
uHenry B. Eyring**
Ikhangela Lokuqala
kubuMongameli Bokuqala



Ukukhetha Ukuba Ubonge

UBaba wethu waseZulwini usiyala ukuba sibonge kuzozonke izinto (bona 1 AbaseThessaloni 5:18), futhi Ufuna sibonge izibusiso esizitholayo (bona D&C 46:32). Siyazi ukuthi yonke imiyalelo Yakhe ihloswe ukusenza sijabule, futhi siyazi ukuthi ukuphula imiyalelo kusiholela ezinhlungwini.

Ukuze sijabule futhi sigweme ubuhlungu, kumele sibe nenhliziyo enokubonga. Sibonile ezimpilweni zethu ukuxhumana phakathi kokubonga kanye nenjabulo. Sonke sithanda ukuzizwa sinokubonga, kepha akulula ukuba nokubonga njalo kuzozonke izinto ebunzimeni bempilo. Ukugula, ukudumala, kanye nokushiywa ngabantu esibathandayo kuza esikhathini sezimpilo zethu. Izinsizi zethu zingenza kube nzima ukubona izibusiso zethu kanye nokujabulela izibusiso uNkulunkulu asibekele zona esikhathini esizayo.

Akulula ukubala izibusiso zethu ngokuba sivamise ukuthatha izinto kalula. Uma siphelile yindawo yokufihla ikhanda, ukudla esikudlayo, noma ukuthandwa ngabangane kanye nemindeni, sibona ngokusobala ukubonga ekungabe siyesabanako ngenkathi sinabo.

Kukho konke, ngesinye isikhathi kunzima kithina ukubonga ngokuphelele izipho ezinkulu esizitholayo: ukuzalwa kukaJesu Krestu, Inhlawulo Yakhe, isithe mbiso Sokuvuka Kwabafuleyo, ithuba lokujabulela

impilo yaphakade kanye nemindeni yethu, Ukubuyiswa kwevangeli nobupristi kanye nezikhiye zabo. Ngosizo lukaMoya Oyingcwele kuphela singaqala ukuzwa ukuthi lezo zibusiso zibaluleke kangakanani kithina kanye nalabo esibathandayo. Kulapho esingathemba khona ukuba sibonge kuzozonke izinto futhi sigweme ukona kuNkulunkulu ngokungabongi kwethu.

Kumele sicele ngomthandazo ukuthi uNkulunkulu, ngamandla kaMoya oyiNgcwele, ungasizisa sibone izibusiso zethu ngokusobala futhi nasenkungwini yezivivinyo zethu. Angasisiza ngamandla woMoya oyingcwele ukuthi sibone futhi sibonge izibusiso esizithatha kalula. Okungisize kakhulu ukucela kuNkulunkulu ngomthandazo, “Ngicela Ukuba ungiholele kumuntu engingamusizela Wena?” Kungukusiza uNkulunkulu ukubusisa abanye kulokho engikubonile kwizibusiso zami eziseduzane kakhulu.

Umthandazo wami waphendulwa ngenkathi abashadikazi ekade ngingabazi bengimema ukuba ngiye esibhedlela. Lapho engathola ingane encane kakhulu kangangoba ingalingana esandleni sami. Emavikini ambalwa empilo, wathola ukuhlinzwa okuningi. Odo kotela batshela abazali ukuthi ukuhlinzwa okunzima kwenhliziyo kanye namaphaphu kuzadingeka ekusekeleni impilo yalengane encane kaNkulunkulu.

Ngesicelo esivela kubazali, Nganikeza ingane isibusiso sobupristi. Isibusiso saba nesithembiso sokwandise kwempilo yalengane. Ngaphezulu kokunikeza isibusiso, Ngathola isibusiso ngokwami senhliziyo enokubonga okukhulu.

Ngosizo lukaBaba wethu, sonke singakhetha ukuzizwa sinokubonga okukhulu. Singacela Yena ukuba asisize sibone izibusiso zethu ngokusobala, noma isimo sinjani. Kimina ngalolosuku, Ngajabula ngendlela engingakaze ngayibona ngaphambilini ngesimangaliso senhliziyo yami kanye namaphaphu wami asebenzayo. Nganikeza ukubonga endleleni eya ekhaya ngezibusiso kubantwana bami ukuthi ngingabona ngokusobala izimangaliso zomusa ovela kuNkulunkulu futhi nakubantu abalungile abaseduzane nabo.

Kukho konke, ngazizwa nginokubonga ngobufakazi Bokuhlawulelwa obusebenzayo ezimpilweni zalabo bazali abanovale kanye nakimi. Ngibonile ithemba kanye nothando olumsulwa lukaKrestu lucwebezela ebusweni babo, nasebunzimeni balesosivivinyo sabo. Futhi ngezwa ubufakazi ongabuzwa uma ucela kuNkulunkulu ukuba akumbulele ukuthi Ukuhlawulelwa kungavumela wena uzwe unethemba kanye nothando.

Sonke singenza ukhetho lokunika ukubonga ngomthandazo kanye nokucela uNkulunkulu akhombise indlela yokusebenzela abanye Ngaye—ikakhulukazi ngasolesikhathi sonyaka lapho sijabulela ukuzalwa koMsindisi. uNkulunkulu uBaba wanikeza iNdodana Yakhe, futhi uJesu Krestu wasinikeza Ukuhlawulelwa, isipho esikhulu ukwedlula zonke kanye nokunikezela konke (bona D&C 14:7).

Ukunikeza ukubonga ngomthandazo kungasivumela ukuba sibone ubukhulu balezibusiso kanye nazozonke ezinye zezibusiso zethu futhi sithole isipho esinokubonga kakhulu ngenhliziyo.

UKUFUNDISA OKUVELA KULOMLAYEZO

Ukubhala phansi ulwazi lwethu kanye nezibusiso kungasisiza sizikhumbule futhi kusinikeze okuthize esingabheka kuko. Cabanga ngokubuza labo

obafundisayo ukuba babhale phansi lokho abanokubonga ngakho—ukubasiza bakhumbule izibusiso abazitholile, babone izibusiso zamanje, futhi babheke phambili kwizibusiso ezizayo.

Ungagqugquzela labo obafundisayo ukuba balandele isibonelo sikaMongameli uEyring ngokucela uBaba waseZulwini ukuba abakhombise umuntu abangamusiza noma bamusebenzele.

INTSHA

Thatha Isivivinyo Sokubonga

Ngu John Hilton III kanye noAnthony Sweat

A singakhulumi nje ngokubala izibusiso zethu—masikwenze! Bhala uhlelo lwezinto ezingu 100 wena onokubonga ngazo. Uma lokho kuzwakala sengathi kuningi, zama lokhu:

1. Bhala amakhono womzimba angu 10 wena onokubonga ngawo.
2. Bhala izinto onazo ezingu 10 wena onokubonga ngazo.
3. Bhala abantu abaphilayo abangu 10 wena onokubonga ngabo.
4. Bhala abantu asebashonile abangu 10 wena onokubonga ngabo.
5. Bhala izinto ezingu 10 ngemvelo wena onokubonga ngazo.
6. Bhala ngezinto zanamuhla ezingu 10 wena onokubonga ngazo.
7. Bhala ngezindawo emhlabeni ezingu 10 wena onokubonga ngazo.
8. Bhala ngezinto eziqanjiwe zesimanje ezingu 10 wena onokubonga ngazo.
9. Bhala ngezidlo ezingu 10 wena onokubonga ngazo.
10. Bhala ngezinto mayelana nevangeli ezingu 10 wena onokubonga ngazo.

Uma sihlela kanjena, sithola ukuthi uhlelo lwezinto ezingu 100 aziqali nokususa indawo yazozonke izinto uNkulunkulu asinikeze zona.



Ukholo • Umndeni • Inkululeko

Indawo Enkulu Yokwenza

Funda lomlayezo futhi ngokufanelekile, xoxa ngawo nalabo dade obavakashela. Sebenzisa lemibuzo ukusiza uqinise odade bakho nokwenza Inhlango Yomame Yenkululeko ibe yingxenye ebalulekile empilweni yakho.

Nkosi, iBandla Lakhe, imindeni, kanye nomphakathi udinga imfundiso yabesimame abalungileyo. Ngokweqiniso, iGosa uM. Russell Ballard Wekhoramu Yabapostoli Beshumi Nambili wafundisa ukuthi “wonke udade kuleBandla owenze isivumelwano neNkosi unelungelo elikhulu lokusiza ngokusindisa imiphfumulo, ukuhola abasifazane balomhlaba, ukuqinisa amakhaya waseZayoni, futhi nokwakha umbuso kaNkulunkulu.”¹

Odade abanye bangazibuza ukuba bangakwazi ukufeza lezi-nhloso eziphakeme. Kepha njengo Eliza R. Snow (1804–87), umongameli jikelele wesibili weNhlango Yabesimame Yenkululeko, wachaza, “Akekho udade oyedwa, futhi indawo yakhe incane kepha umehluko angawenza mkhulu ekukhuliseni Umbuso kaNkulunkulu kulomhlaba.”² Udade uSnow waphinda wafundisa ukuthi Inhlango Yabesimame Yenkululeko yayihleliwe “ngenzuzo yakho konke okuhle kanye nomsebenzi olungile.”³

Ukuzifaka kwiNhlango Yabesimame Yenkululeko kukhulisa indawo yethu yemfundiso ngokunikeza omunye nomunye udade ithuba lokwakha ukholo, ukuqinisa imindeni kanye namakhaya,

futhi kulethe umsebenzi ekhaya kanye nasemhlabeni wonke. Futhi ngenhlanhla, ukuzimisela kwethu ngamunye futhi njengeNhlango Yabesimame Yenkululeko akudingekile kube kukhulu futhi kulethe injabulo, kepha kumele kube nenhloso futhi kuhlale kunjalo. Imisebenzi yokulunga njengomthandazo wansuku zonke kanye nowomndeni, ukufunda izincwadi zenkolo, futhi nokukhulisa njalo amabizo weBandla kuzasiza kuphakamise ukholo futhi kwakhe umbuso weNkosi.

Kubodade abazibuza ukuthi leminikelo ebonakala inokuthula yenza umehluko. iGosa uBallard uyaqinisekisa: “Wonke udade omela iqiniso kanye nokulunga unqoba imfundiso yobukhohlakali. Wonke udade oqinisa futhi avikele umndeni wakhe wenza umsebenzi kaNkulunkulu. Wonke udade ophila njengowesifazane kaNkulunkulu ubangumgqunguzeli kwabanye ukuba balandele futhi atshale imbewu yemfundiso yokulunga leyo ezokuvunwa eminyakeni eminingi ezayo.”⁴

Kuvela Emlandweni Wethu

uEliza R. Snow, owasebenza njengomabhalane ngenkathi Inhlango Yabesimame Yenkululeko

ihlelwa eNauvoo, wabizwa nguMongameli uBrigham Young (1801–77) ukuba ahambele lonke iBandla, asiza obhishobhu ukuhlela Inhlango Yabesimame Yenkululeko kumawodi abo.

Udade uSnow wafundisa: “Uma kunomunye wamadodakazi kanye nabomama eIsrayeli abazizwa okungenani bavimbelele [bangavumelekanga] endaweni yabo yamanje, manje bazakuthola ukufinyelela emandleni kanye nasekhonweni lokwenza okuhle nalokho abaphiwe kona ukuba bakwenze ngenkululeko. . . . uMongameli uYoung uguqule isikhiye endaweni ebanzi futhi enkulu yokwenza kanye nosizo.”⁵

AMANOTHI

1. M. Russell Ballard, “Abesifazane Abalungileyo,” *iLiahona*, Dec. 2002, 39.
2. uEliza R. Snow, “Ikheli,” *Isibonelo*
3. uEliza R. Snow, “Owesifazane Wenhlangano Yabesimame Yenkululeko,” *Deseret News*, Apr. 22, 1868, 81.
4. M. Russell Ballard, *Liahona*, Dec. 2002, 39.
5. uEliza R. Snow, *Deseret News*, Apr. 22, 1868, 81.

Kuvela embhalweni Ongcwele

1 AbaseKhorinte 12:4–18; 1 uThimothewu 6:18–19; uMozaya 4:27; Izici Zenkolo 1:13

Ngingenzenjani?

1. Ngingabasiza kanjani odade engibavakashelayo babone futhi basebenzise ikhono labo lokuba nemfundiso elungile?

2. Ngingasebenzisa kanjani izipho zami ezingajwayelekile kanye namakhono ukubusisa abanye?

Ukuthola ulwazi oluningi ngalokhu, iya ku www.reliefsociety.lds.org.